



## EZIPHUMA KUMPHATHI WESIBHEDLELA...

### IQUKETHE LOKHU:

-Ezivela kumphathi  
wesibhedlela... 1

-Ithimba labaphathi... 2  
-Umtapo wolwazi  
-Onompilo

-Isikhungo sezifo  
ezithathelelanayo 3  
-Ukusinda  
komntwana kusuka  
ekudlaneni  
-Siyabonga Anita

-Ezemidlalo 4  
-Siyabathola, Basi-  
phunyuke...

### Ngenyanga ezayo:

-I embulem yethu no  
kanye

### OKUBALULEKILE:

- Basebenzi sebenzisani leli bhuku lenu ekushicileleni izindaba ezingaba sematheni
- Imibono, izincomo, imicimbi, izimemo, imishado, ime-mezero, nokunye. Zonke lezindaba siyadinga ukwazi ngazo. Sitshele!



Sekudlule ezinye izinyanga ezimbili, no nyaka ususemaphethelweni. Abasebenzi basenze kakhulu kulonyaka okwenze ukuba isibhedlela sethu sithuthuke okungenza ngijabule kabi ngalezizinguquko ezenzekayo.

Ngicela ukuthatha lelithuba, ukwamukela bonke abasebenzi abasha enizobona amagama abo uma niqhubeka nokufunda lelibhukwana. Kuhlale kukuhle ngaso sonke isikhathi ukwanda komndeni futhi ngibafisela okuhle kodwa besalapha esikhungweni sethu. Kubobonke labo asebesishiyile baya emadlelweni aluhlaza, hambani kahle, nihlale niwumele kahle nje Umphumulo siziqhenye ngani, noma

ikuphi lapho eniya khona, sohlala sinikhumbula njalo.

Ngizocela yonke iminyango yesibhedlela jikelele, nabasebenzi bonke baphonse itshe esivivaneni phela. Bonke abasebenzi akukhethiwe, mabafake imibono nokuqhubekayo eminyangweni yabo basilethele ukuze sikwazi ukusebenzisana sithuthukise iphephandaba lethu lesibhedlela. Tshelani umhlaba ngenqubekela phambili yenu, nemisebenzi yenu emihle eniyenzayo esibhedlela, izincomo nemicabango yenu bakithi.

Ningathuli nazozonke lezozinto.

Nksz T.D.Chiliza  
Umphathi wesibhedlela

### HALALA EKUNYUSWELENI EZIKHUNDLENI !!!

**Mnz. N.A. Mbhele**  
Iphini lomphathi Wamanesi

**Nksz. D. Shange**  
Umsizi womphathi wamanesi

**Nksz. G.N. Luthuli**  
Umsizi womphathi wamanesi

**Nksz S. Moodley**  
Umsizi womphathi wamanesi

**Mnuz. P.A. Ngcobo**  
Unesi omkhulu

**Nksz. I.N. Fihlela**  
Unesi Omkhulu

**Nksz. M.N. Nene**  
Unesi Omkhulu

**Nksz. H.P. Dladla**  
Unesi Omkhulu

**Nkz. N.A. Nomgu**  
Unesi Omkhulu

## UMNDENI WETHU UYAKHULA...SIYANEMUKELA EKHAYA LETHU!!!

### AMALUNGA AMASHA

Dokotela Parikh  
Udokotela Om'khulu

Nksz. N. Mthiyane  
Usonhlalakahle

Nksz. F.C. Mbhele

Mnz. SSS Majola  
Nksz. P.S. Ndlovu  
Nksz. Z.M. Mngomezulu

Nksz. F.N. Sibisi  
Nksz. J.D. Zibane  
Nksz. A.H. Gumede  
Mnz. S.A. Mbhele

Nksz. L.P. Hlongwa  
Nksz. P.V. Dumakude  
Nksz. N.B. Nzimande  
Mnuz. S.F. Ngubane

**Sinifisela okuhle kodwa!!**

## SINETHULELA ITHIMBA LABAPHATHI BESIBHEDLELA UMPHUMULO!!



Nkkz T.D. Chiliza  
Umphathi wesibhedlela



Nkkz. E.N. Ngobese  
Umphathi wezimali no-  
kusebenza kwesibhedlela



Nksz. S.G. Mabaso  
Unobhala wabaphathi



Nksz. Ngiba  
Umphathi wamanesi



Mnuz. B.J. Adams  
Umphathi wemithi



Mnuz. P. Sithole  
Obhekene nezabasebenzi



Dkt. M. Paraztsak  
Umphakathi wodokotela



Nksz. S.N. Xulu  
Umxhumanisi wesib-  
hedlela

*“Ukuthuthukisa  
imiqondo yabantu  
ngokufunda enye  
yezindlela yokwelapha  
lesisikhungo  
esingayisebenzisa”*

## AKUSIWONA UMABONA KUDE NJE KUPHELA IZIGULI EZIWUDINGAYO...

Abaphathi besibhela, Umphumulo, bavumelene ukuthi umabona kude akusiwo kuphela iziguli eziwudingayo ukuchitha isizungu nesithukuthezi. Sikholelwa ekutheni abantu bagqoquzelwe ukuthi bafunde, njengoba sikholelwa futhi ukuthi lokhu kuwokunye lesisibhedlela esingasindisa ngakho abantu.

Abaphathi sebevumile ke ukuthi kube khona umahamba nendlwana womtapo wolwazi. Oyedwa wabasebenzi uzovakashela wonke amagumbi eziguli ezibuza ukuthi azithandi yini izincwadi zokufunda, abuye futhi azozilanda uma seziqedile. U Nksz. Slindile Mabaso uvolontiyile ke ukwenza lowomsebenzi.

Sibona ukuthi lokhu kuzoba nomthelelo omuhle kakhulu uma nje nabasebenzi bezosikelela ukuthi lomzamo uphumelele.

Kanti ke, nabasebenzi bangawusebenzisa lomtapo wolwazi ngezikhathi zabo zekhefu.

## AKE SAZI KABANZI NGONO MPILO

Ngaphansi kwesibhedlela umphumulo, kukhona onompilo abangu 63 abaphethwe nguMnuz. P. Ngcobo.

Unompilo ngamunye uvakashela imizi emihlanu ngosuku bese iba ikhulu ngenyanga. Belapha izifo ezilaphekayo (kalula) baqiniseke ukuthi iziguli abazivakashelayo ziyelapheka. “Sisebenza ngezigodi zezinduna, Induna ngayinye, inikezwa ihlanzana lonompilo ukuze basebenze kuleso sigodi saleyo Nduna”, kusho uNeli Khuzwayo, owunompilo naye.



Nksz. Neli Khuzwayo—  
Unompilo

Onompilo babalulekile kakhulu, kuzozonke izikhungo zezempilo, ikakhulukazi kulezi ezisemaphandleni, ngoba phela izikhungo lezi zisuke zibe kude kakhulu kumphakathi, kanti nezinto zokuhamba azikho kahle.

Lokhu kwenza ukuthi iziguli zingafinyeleli ezibhedlela. Umphakathi ufunda lukhulu ngezempilo nangezifo, ngonompilo. Onompilo babuye basebenzisane neminye iminyango kaHulumeni njenonhlahalakahle, ezasekhaya, njalo njalo.

Basebenza ngaphansi kwesiqubulo “ukugwema kungcono kunokwelapha”. Babalulekile lababantu, kufanele banikezwe indawo nehlonipho ngomsebenzi wabo oncomekayo neqhaza abalibambayo emphakathini.

## KWENZEKANI ESIKHUNGWENI SOKUZINIKELA EKHLOLWENI KWEGAZI LEGCIWANE LENGCULAZI (V.C.T.)

Siyisikhungo esincane kakulu, esinamathemba aphezulu, namaphupho amahle nomsebenzi omningi futhi omkhulu kabi.

Omunye walomsebenzi omkhulu ukuthi nathi sibalwe kulezizibhedlela ezinikeza ngemishanguzo legciwane lengculazi.

Okwamanje abantu bayeza ukuzozihlola igazi kodwa bese sithumela amagazi ayohlolwa eStanger esibhedlela bese bewathumela kithi futhi, nemiphumela yawo. Thina ke, seluleka iziguli zethu ngakho konke ekufanele belulekwe ngakho

ngalesisifo bese sibadlulisela esibhedlela eStanger ukuze babesohlweni lalabo abazot-hola lemishanguzo.

Sesiqale umtholampilo lapho, siqeqesha khona iziguli zethu amasonto ayisithupha ukuze sibone ukuthi bayokwazi yini ukuhlala bewadla ngezikhathi zonke ezifanele amaphilisi abonikezwa wona. Nanokuthi bayokwazi yini ukuphumela obala ngezimo zabo ukuze bathole ukusekelwa imindeni nemphakathi yabo, baphinde basizakale.

Emuva koqeqesho lolu, bani-

kezwa inzinsuku ezingu 28, ukubona ukuthi bayokwazi yini ukusebenzisa lemishanguzo, zonke izinsuku zokuphila kwabo. Uma bekwazile ke ukuwadla lamaphilisi kulezo zinsuku bayobe sebepumelele njalo. Isizathu salezizinsuku ezingu 28 ukubona ukuthi umuntu uyokwazi yini ukuhlala ephuza lemithi ayonikezwa yona, ngoba abanye abantu abafuni ukuqeda amaphilisi abanikezwa wona, uma esezizwa esengcono, uvele ebesezayeka ukuwasebenzisa.

## UKUSINDA KOMNTWANA KUSUKA EKUDLALENI...

Ebhukwini lezinyanga ezedlule, saxoxa kabanzi ngohlelo lwabantwana lokuthi bakhelwe indawo yokudlala ehambisana nezinto zokudlala. Loluhlelo ke lwasungulwa oDokotela bethu bamathambo (uSthembiso no Veliswa).

Siyajabula ukuthi yize noma izinto zokudlala zisencane kodwa sezikhonyana abant



**Izingane zidlala ngamathoyizi ngaphandle kwegumbi lazo**

wana abadlala ngazo. Sinodoli nama bhuku abakwazi ukudweba kuwo. Kuyasithokozisa impela lokhu esikubonayo futhi kusigquguquzele ukuthi siqhubeke nezinhlelo ezifana nalezi. Sekusele kancane ukuba siphumelele. Sinxusa bonke abasebenzi ukuthi basixhase. Siyawadinga amatoyizi ezingane.

*“Sibusisive isandla esiphayo”*

## SIYABONGA ANITA

Abantu abanjena ke esibadingayo. U Anita usiphe onodoli abahlanu ekusixhaseni kuloluhlelo lwamathoyizi ezingane, wase esezizuzela umklomelo ovela kwa East Coast Radio, okukhona ibhodlela lamanzi, ikepisi kanye nesikibha.



**U Anita ethola umklomelo wakhe wakwa East Coast Radio emuva kokusixhisa ngonodoli abahlanu**

Siyethemba nabanye abasebenzi bazoheheka basisize ngokusixhasa, sisize labantwana abagulayo.

Sisasodabeni lokuxhasana, besicela nisiphe izincwadi eseningazisebenzisi. Izincwadi zokufunda iziguli nabasebenzi abangazisebenzisa phela ukuze sithuthukise umtapo lwazi lwethu.

Uma uhlanza umuzi wakho nje, uhlangana nezincwadi ezindala kodwa ezifundekayo uze ungasikhohlwa siyazidinga namabhayibheli alungile. Isandla esiphayo siyobusiswa.

## UMPHUMULO NEWS!

Private Bag X9219  
Maphumulo  
4470

Phone: (032) 481 4168  
Fax: (032) 481 2203  
Email: xulus@dohho.kzntl.gov.za

We are on the web!  
[www.kznhealth.gov.za/  
umphumulohospital.htm](http://www.kznhealth.gov.za/umphumulohospital.htm)

NO NEWS IS OLD NEWS



**Umphumulo  
Hospital**

# EZEMIDLALO

Sibe nezivakashi ezivela esibhedlela iNkandla, bekuwumGqibelo omnandi impela! Imiphumela nansi ilandela:



### Ibhola lamantombazane

Inkandla

9

Umphumulo

8



### Ibhola likanobhutshuzwayo

Inkandla

0

Umphumulo

4

Nidlale kahle impela badlali ikakhulukazi kwelikanobhutshuzwayo, mantombazane asihlulwanga bekuyiphutha nje lalololanga, ngiyazi ngeke liphinde lenzeke!

### OKUZAYO KWEZEMIDLALO:

Sizobe sivakashelwe esibhedlela Itshelejuba ngomhlaka 6 KuNdasa 2004. Bonke abadlali abazilungisele kusukela ngesonto lokuqala ku Mfumu.

**BASEBENZI SIYANIDINGA EZINKUNDLENI NIZOSISEKELA!!**

## SIYABATHOLA BASIPHUNYUKE!

Siye sijabule uma kufika abasebenzi abasha emndenini wethu, kodwa ngenkathi befika kubakhona abahambayo. Abanye basuke sebeya emadlelweni aluhlaza, abanye beshintsha izikhungo, abanye bakhuphukela ezikhundleni eziphakeme, kanti abanye ngokudabuka basuke sebesishiyile emhlabeni.


Ngicela ukuvaleyisa kulaba basebenzi abalandelayo abaya emadlelweni aluhlaza:

1. Mnuz. S. Govender
2. Mnuz. N. Dladla
3. Mnuz. D. Sosibo

Ngaloluhlobo lokuhamba umuntu uba nemicabango eminingi, siyafuna ukuthi abantu bathuthuke babe-nezimpilo ezingcono, kodwa kulukhuni ukubadedela ngoba phela kuhamba laba abazimisela impela. Kodwa ke ngithi ndlela enhle ngini-fesela okuhle kodwa!!!

### ABASISHIYILE EMHLABENI

**Ngokudabuka okukhulu sivalalise oyedwa wodade wethu okokugcina kulenyanga U Nksz. Nana Sibiya. Sithi duduzekani mndeni wakwa Sibiya.**



Sifisela ukwelulama okusheshayo uNksz PP Mkhize wase gumbini lezingane olimale kabuhlungu wacishe wafa.

Sithi kuye, aqine nje, futhi abonge uNkulunkulu ekumhlengeni kwakhe esethunzini

legodi lokufa, ngokuba ube ngekho kulowomzuzu ehlelwa yilengozi ngabe kukhulunywa enye indaba namhlanje.

Umthandazo ke Phumzile unamandla. Ngiyazi ukuthi wamumemeza uMdali kwenzeka lokhu, nebala wafika kuwe wakusindisa njengoba ukhona usadla amabele. Ubengcono ke ntombazane, siyakudinga!



**KHULANI NIKHOKHOBE  
BANTU ABAZALWE KU  
NCWABA NO  
MANDULO**